YOU AND YOUR RIGHTS

Isibonelelo Sokukhulisa Ingane Ongayizali

Zonke izingane **ezingaphansi kweminyaka engu-18 futhi ezidinga ukunakekelwa ngumzali** zingangena kwinqubo yokukhuliswa ngumuntu onjengomzali, noma ngabe zivela kuliphi ilizwe.

Isibonelelo Sokukhulisa Ingane **yimali yanyanga zonke** ekhokhelwa labo bazali abangabakhulisi bezingane. Akusho lutho ukuthi wena uhola kangakanani.

Ngomhla ka-1 Ephreli 2018 inani lesibonelelo belingu-**R960** ngenyanga, ingane ngayinye.

Isibonelelo siqhubeka sonke isikhathi kuphela nje uma inkantolo ithe usengaqhubeka nokuba ngumzali okhulisa ingane. Kufuneka ukhokhelwe kusukela ngosuku lwalowo **myalelo wenkantolo** – yize noma ngabe wena isicelo sesibonelelo usifake ngesinye isikhathi, seludlulile lolo suku.

Ukuze ube ngumzali okhulisa ingane, kumele uthintane **noMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi** ngakini noma nenhlangano efana ne-Child Welfare.

UNGAYIKHULISA njengomzali ingane **eyilungu lomndeni**.

Kumele ube **yisakhamuzi saseNingizimu Afrika, ube ngumhlali kanomphela noma yisifiki esingumbaleki oneminyaka engaphezu kuka-18 futhi ube uhlala eNingizimu Afrika** ukuze ube ngumzali okhulisa ingane.

Uma uneminaka engu-16 kuya ku-18 futhi ube wamukelwa njengomuntu oyinhloko yomuzi nguMnyango wesifundazwe Wezokuthuthukiswa Komphakathi, ungasithola iSibonelelo Sokukhulisa Umntwana ngokusizwa umuntu ongaphansi kwesandla sakhe.

Njengomzali okhulisa umntwana angamzali, ungasifaka isicelo sesibonelelo ehhovisi lakwa-SASSA eliseduze nawe – akukho mali okudingeka uyikhokhe lapho ufaka isicelo.

Ubophatha izinhlobo ezihlukene **zamadokhumente** lapho uya kwa-SASSA, njengoMazisi wakho namadokhumente engane kanye nobufakazi besimo sakho somshado. Kepha uma ungenawo, UNGASIFAKA futhi isicelo ngokusebenzisa ezinye izindlela zokuzazisa.

Kuzodingeka uveze **ubufakazi** bokuthi nguwena ongumzali okhulisa leyo ngane.

Uma isicelo sakho sivunyiwe, ungasifaka isicelo sosizo lwesikhashana ngokusebenzisa **uSizo Lwezenhlalo Kwabantulayo** ngenkathi usalindele ukufika kwemali yakho yokuqala. Imali yosizo lwezenhlalo kwabantulayo isiyodonswa emalini yesibonelelo sakho.

Uma umndeni wakho untula, ungasifaka isicelo **"sesimo sokuba buhlwempu"** eMahhovisi Kamasipala wangakini – futhi lokhu kungakusiza ezindlekweni zamanzi, ugesi nemali yama-rate endlu.

Kungenzeka ube ngovumelekile ukuthola **imali yesondlo** evela kubazali begazi baleyo ngane noma komunye umzali waleyo ngane. Lokhu kumele uzame ukukuthola ngomyalelo wenkantolo.

BLACK**SASH**

MAKING HUMAN RIGHTS REAL

“Wonke umuntu unelungelo lokuthola ukusizakala ngokwezenhlalo, okubalwe kukho nokusizwa okufanele ngokwezenhlalo, uma lowo muntu engeke akwazi ukuziphilisa yena nomndeni wakhe.

Uhulumeni kufuneka athathe izinyathelo zomthetho ezifanele kanye nokunye, ngokwemithombo anayo, ukuze ilungelo ngalinye kulawa lifezwe ngendlela eqhubekayo.”

- Isigaba 27 soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika

UKUHLANGULA KWEZOMTHETHO: Yize kwenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ukuthi ulwazi olushicilelwe lapha luqonde ngqo, abe-Black Sash ngeke bathweswe cala ngenxa yokulahlekelwa noma ukonakalelwa okubangelwa ukwethembela noma ukusebenzisa lolu lwazi. Okuqukethwe lapha akusona iseluleko somthetho. Leli khasi lolwazi ligcine ukubuyekezwa **ngo-Ephreli 2018**.

Uma unanoma yimiphi imibuzo maqondana nezibonelelo noma ukubika ukukhwabaniswa kwemali yezibonelelo, shayela **abakwa-SASSA kule nombolo yosizo:**

0800 601 011

Uma uhlangabezana nobunzima maqondana nezibonelelo zakho, thintana nabe-**Black Sash HELPLINE kule nombolo yosizo** ukuze uthole usizo nezeluleko zezomthetho**MAHHALA**:

BLACK SASH HELPLINE

072-66 33 739

help@blacksash.org.za

YOU AND YOUR RIGHTS

Isibonelelo Sokukhulisa Ingane Ongayizali

(Zulu – Foster Child Grant)

BLACK SASH

MAKING HUMAN RIGHTS REAL